Inhlelo zikamabonakude lamafilimu ziayadukisa. Esikhathini sezinto eziduhisa umphakathi ukucabanga kusuka kungahlali isikhathi eside. Umzekeliso yikuthi abantu abayibo abasikhuthaza ukuthi sibakhethethe yibo futhi abangazi ukusifundisa izinto eziyizo. Abantu abayibo abenelisa ukucakulula bacubungule izinto bandise ukuba yibo abaqila baduhise abantu njalo bebelabalandeli abanengi.

Kwandile ukuthi abantu bathengise amavoti. Ngenxa yalokhu *idemocracy* icina ingasebenzi ngedlela eyiyo. Kwamanye amazwe abantu vele abazihluphi langokuya vota. Ngenxa yezizathu ezihlukahlune abantu kanye lamabandla abo ezepolitiki bacina besehlukana. Phela *idemocracy* ilezimfuno ezinengi kulabo abathatha ingxene kuyo. Kuleskhathi lapho umphakathi esehluleka ukuzifinyelela lezozinto, kodwa lokho akutsho ukuthi sokumele siyilahlele le *idemocracy*. Kodwa kusalomsebenzi omnengi okumele siwenze. Uma *idemocracy* ingasasebenzi abantu baba yizidlova. Abantu kumele babone ukuthi abantu ababavoteleyo basebenza kuhle yini. Kumele babenze bachasise nxa bengasebenzi kuhle.

9. Ukutshengisela lokuvikela

EMbusweni WeNtando Yabantu (*Kudemocracy*) amandla kazulu asetshenziswa ngumbuso. Kodwa nxa amalungelo kazulu enganakwa uzulu ulakho ukuwathatha futhi lawo mandla.

Kulezinsuku kulezinhlanganiso zikazulu ezisebenza njengoholumende.(zilakho ukutshintsha indlela abantu abaziphatha ngayo) Abantu bacina bezilandela ekuphikisaneni lohulumende.

Isidingo sokuphikisana lohulumende sivele sikhona.Nxa abakhokheli besehluleka, kumele batshelwe. Sibaphoqelele ukuthi batshintshe noma sibathathele intambo zombuso.

Ukuphikisa ngumqondo wokuthi u*Mbuso WeNtando Yabantu (idemocracy)* luhlelo lwemqondo encintisanayo. Loluhlelo ukuze lusebenze kahle futhi lube lemqondo ekhaliphileyo, amalungelo okukhuluma lokuzihlanganisa kumele ahlonitshwe.

Ukuphikisa kubalulekile e*Mbusweni WeNtando Yabantu (kudemocracy)*. Abakhokheli akumelanga bavume lokhu kuphela, kodwa kumele bakukhuthaze kumphakathi (*idemocracy*) . *Abakhokheli abangayenzi lokhu abawuzwisi uMbuso WeNtando Yabantu*.

Ukulumende uvele akathandi impikiswano ngoba impikiswano njalo ulakho ukuthi ayincindezele. Phela akulamuntu othanda ukuxegwa.

Nxa abantu bevukela uhulumende, uhulumende kumele azibuze ukuthi kungani abantu besenza kanjalo kulokugijimela ukubabulala. Akumelanga uHulumende agijimele ukuncindezela abaphikisi. Akumelanga sivikwelwe ebaphikisini bakazulu ngoba benza izinto ezinengi ziguquke emphakathini.

Kuqakathekile ukuba sinanjelele ukuba indlela enhle yokuphendulana lempikiswano yikuvuma izikhalazo ezilethwa yileyo mphikiswano besesithatha isikhathi sicabanga ngayo leyo mpikiswano. Ukuphendulana lempikiswano masinya kujayele ukugxila emizweni njalo esikhathini esinengi akulungisi lutho.

Ukungagculiseki kuzitshengisela ngendlela ezinengi. Kuqala ekutshengiseleni kusiya kumvukela. Inkawulo yokungagculiseki itshengiselwa yindlela abantu abavukela ngayo. Yikungavumelani lenhlelo zikahulumende kuphela kumbe amaqembu omphakathi ayancindezelwa?

Umzekeliso, abantu bayamelana lemithetho engagculisiyo. Endaweni ezinjalo abantu babona kufanele ukumisana lomthetho njalo abanengi bacina bebotshiwe. Ngempela, ukuze baguqule izinto abantu kumele babotshwe. Umthetho untshintsha nzima izikhathi ezinengi. Umzekeliso omuhle walokhu siwubona ngendlela inhlanganiso zikazulu ezalwela ngayo amalungelo kweleMelika. Lokhu kwatshengisela ukuba endaweni enzima ukuguqula kumele abantu bayenze okwamandla ngoba bengekela ukwenza njalo akula lutho olungantshintsha.

Ukuphikisa ngezinye indlela yikutshengisela lokukhankasa. Emhlabeni kulabatshengiseli abanengi kanye lenhlanganiso zabo. Lokhu yinguquko enhle njalo kuphathisa intuthuko. Abantu abanengi sebevuka emaqandeni sebesebenzelana ndawonye ukuze babise inguquko sebesenza abakhokheli benze izinto ezisegcekeni njalo eziyizo balandise lokulungisa izinto emphakathini.

Ukuqalo kokukhankasa lokutshengisela kuqala ngemigomo. Ukuze umkhankaso lokutshengisela kumvunywe ngumphakathi kumele kube lemigomo. Into yokuqala ekukhankaseni lekutshengiseleni lekukhankaseni yikuthi kumele ube lesizatho esiqinileyo, kumele utsho ukuthi kuyini uhlupho, lukuthinta njani wena lokuthi lungaxazululwa kanjani. Kufanele ukhangale futhi lendleko zokutshengisela lokukhankasa zizathinta bani lokuthi ngubani ozazihlawulela ngumphakathi kumbe ngumhlabathi. Ngokwenza lokhu abatshengiseli labakhankasi bayabe beqaphela inkinga ezingabiza kakhulu ukuxazulula lezi nhlupho umzekeliso lapha kungaba phazamiseka komkhathi.

Ukuphikisa nxa kulinganiswa lokutshengisela lokukhankasa kungenza umahluko umkhulu emphakathini. Lokhu kuvusa imphendulo ezinengi ezingabuya ngendlela ezitshiyeneyo.

Inhlanganiso ezinengi ezikahulumende lezizimele zodwa zenza konke ezingakwenza ukuze zichothoze abatshengiseli labakhankasi, abanye kuthiwa bayanhanya njalo balenkani. Kodwa ukuphendula lokhu indlela yokukhangela abantu abalenkani seyatshintsha. Iminyaka engamatshumi

amathathu edlulileyo ukuvikela umhlabo lomkhathi kwakukhanelwa njengokudaza inkani engaphathisiyo. Kodwa khathesi lokhu kukhankasa akuvunywangwa kuphela kodwa sokudingeka. Ngalokhu osonkani beminyaka emithathu edlulileyo sebekhanelwa njengamaqhawe ayelombono omuhle wakusasa.

Ukucizelela abatshengiseli labakhankasi abanakwa muntu kodwa nxa bephumelela ekuzwakaliseni izikhala zabo noma bephikiswa zinhlanganiso ezinengi ezilamandla bayancindezelwa bavalwe imilomo Umphakathi utshelwa ukuthi abatshengiseli laba ngabagadli bezokucithiza umbuso.

Ukuze bababize ngalawa magama kungoba bayabe bezivikela emphakathini njengoba beyabe bebahluza abatshengiseli. Umlobi uAndrew Rowell uthi abatshengiseli labakhankasi yizitha zombuso hatshi ababhikitshi. Bathwaliswa kanzima befuqelwa ukuba benze izinto ezingekho emthethweni, batshaywe, kumbe kwezinye izikhathi babulawe.

abantu balelungelo lokubhikitsha lokuphikisa. Kwamanye amazwe abantu bavunyelwa ukubhikitsha noma lokukhulumu izinto ezichothonza uhulumende endaweni eziyabe zifakte noma zivunyelwe nguhulumende. Lokhu kwenza engani uHulumende nguye osikela abantu ilungelo lenkululeko,kodwa wonke umuntu ulelungelo lokukhulumu noma yini ayithandayo.

Ukuphikisa lokutshengisela kusekela utshintsho, ukuthi inhlanganiso ezinengi umazilokukhuthazwa kuhle zingenelisa ukuzintshintsha. Noma lokhu kungasebenza *eMbusweni WeNtando Yabantu* kukhatshana ukusebenza embusweni wamandla. Ukuze kube *uMbuso WeNtando Yabantu* (*wedemocracy*) kususwe owobutshiqela kufanele kube lomvukela.

Ngamazwi umvukela yinto elula. Ukuvukela kutsho ukuthi abantu abenzi lokho abalindelwe ukuthi bakwenze. Kodwa ngeqiniso ukuvukela yinto enzima kakhulu sibili. Abavukeli ezikhathini ezinengi bafaka impilo zabo, lezabantwabobo, ukuze bavikele inkolo zabo. Umvekela weqiniso udinga ukuba uzifake engozini.

Okunye okuphazamisa ukuzwisia umvukela yikuthi umvukela ungaba ngumvukela wamanga owenzelwa ukuthola amandla okubusa kuphela kodwa uyabe ubekwe engani ngumvukela wokulwela amalungelo

womphakathi. Abavukelayo bangaba sembusweni kabasenzi lokho abekade bekulwela sebebusa ngendlela leyo abekade beyiphikisa. Emvukelweni wamanga wenzakala kakhulu uma abantu bengalahla imigomo lobuntu babo ngokwenza ubukliwi loba langokuhlangana lezigelekeqe. Lokhu sikubona ikakhulukazi emazweni alwela uzibuse kubamhlophe ikakhulu ngeminyaka eyalanda impi enkulu yamazwe wonke omhlaba. Banengi babalweli laba babengabamanga. Ngemva kokuba amazwe abo esethole uzibuse sibona abalweli benkululeko bengasafuni ukupha abanye ithuba lokubusa, sebesebenzisa udlamela kulaba ekade behamba labo ukuze bahlale bebusa.

Abantu abangaphezu kwe *two billion* babuswa yimbuoso yabomatshiqela, futhi batshaywa kanzima yile mibuso. Kwamanye alawa mazwe indlela zokuguqula imbuoso yodlamela ngokuthula lokukhulumisana zizasebenza kodwa kwamanye abantu bazacina bethatha izikhali ukuze balwise umbuso obandezelayo.

Kodwa kumele kuzwisiswe ukuba ukulwa kuhle kuphela uma abantu bezivikela ekulwiseni. Nxa kusenziwa ngokuphambene lalokhu kuyabe sokuyikuvukela. Emazweni afana labo Palestine le Israel umphakathi wonke ophikisayo ubonakala njengesitha. Lokhu kuhlanganisa asebegugile, abantwana kanye lezivakatshi. Endaweni ezinje abantu bacina bengananzele bezizwa belecalo,into engayinhle lakancane.

Lokhu kugcizelela ukuthi uma usufike esigabeni sokuba uvukele kuqakathekile ukuba ungavumeli imizwa phambili. Umvukela wakho ungaba usenzwa yinzondo lolaka lwezinto abantu abazenza kuwe. Nxa kusiba lomvukela, kumele usebenzise ingqondo hatshi imizwa.

10. Abakhokheli

Umuntu ukhangelelw e ukuthi engathembeli kubakhokheli. Kumele sazi ukuzikhokhela, senze uhlelo lukahulumende lapho wonke umuntu elalelw ngokufanayo kungelamandla agcwele endaweni eyodwa ukuze kungacindezelwana.

Kodwa okwenzakalyo emphakathini wabantu yikuthi silindele ukukhokhelwa. Ukwakhiwa kwenhlanganiso zikazulu kwaletha isidindo sabakhokheli. Ekuqaleni, abantu ababefanele yibo ababethola limsebenzi. Abantu babekhetha ukulandela lababantu ababetshengisela ukwanelisa. Leyi ndlela kaHulumende ilakho ukubisa ukuncindezelwa.

Ukukhula kwahlenganiso zomphakathi kwadala ukudazulelana imisebenzi ngokwenelisa kwethu okutshiyeneyo, lokhu kwenza ukuba kudingeke njalo kube labakhokheli. Ekuqaleni abantu ababeleziphiwo zokuphatha amawofisi obukhokheli bathatha lezizikhundla. Izikhundla zamasotsha zaziphathwa ngamasotsha ayelamandla kulamanye, izikhundla zikaHulumende lezenotho zaphathwa ngabantu abalenqondo ezikhali phileyo- ababesenelisa ukwakha indlela ezinzima zokubusa kumbe ababesenelisa ukuqedo indubo abayabe bezenzile, ababezizwa befuna ukwenza ngezenotho lemali lababelenqondo ezibavumela ukubona lokucasisa imvelo yempilo lendalo ngelihlo lenqondo.

Ngamanye amazwi kudala izikhundla zokukhokhela zaziphiwa ngokwenelisa komuntu. Abantu babekhetha ukulandela umuntu ababembona elesiphiwo sokukhokhela ngendlela ayesenza ngayo izinto.

Indlela le yokukhokhela itshengisa isidindo sikazulu esosebenzisa indlela ezisebenzela wonke umuntu kuhle. Sikholwa ukuthi kuqakathekile ukunika laba abenelisayo izikhundla zokubusa.

Ngephutha, akuthathanga isikhathi kungaqlisanga inkethabetshabi.

Isizatho salokhu yikuthi ubukhokheli budala ubukhwele. Embusweni wamandla, abakhokheli bazimele bona labangane babo, kodwa lokhu kuyenzakala lase*Mbusweni WeNtando Yabantu* (lakuma *democracy*). *EMbusweni WeNtando Yabantu* (*Kudemocracy*) abameli kumele bamele uzulu hatshi okufunwa yibo. Abakhokheli bacina besehlulelw yizilingo zokuzinthisa kanye lokunothisa labantwababo.

Abakhokheli njalo bacina besebenzela lokhu ababekwenza bengakabi ngabakhokheli. Umzekeliso KweleMelika uGeorge Bush kanye loDick Cheney babesenza ngezamafutha bengakabi lezikhundla zokukhokhela. Ubukhokheli babo bebuvele bugxile kwezenotho yamafutha(Lokhu kucasisa kuhle ukuthi yikho indaba zokutshabalala kwemvelo lokufudumala komkhathi zibekwa ekucineni kwakho konke ngoba abakhokheli abanengi bevela kumakhampani abulala imvelo). Ngokunjalo abakhokheli bengayengwa kumbe beqilwe ngokuthi bazanikwa imisebenzi emihle ngemuva kokuphela komibuso yabo.

Umphakathi ujwayele ukuthemba inkokheli ngenxa yokuncintisana. Inkokheli yizo ezibeka izinqumo njalo abantu abatshengisela ukwenelisa ukwedlula abanye yibo abancedisa leliqembu ukuthi ledlule elinye. Lokhu kuvela sobala emncintiswaneni yempi uluhlu olulabakhokheli abakhaliphileyo lucina lunqoba noma lulamasotsha ambalwa noma izikhali ezingelamandla. Inzuzo yokukhokhelwa ibonakala futhi kwezomnotho lapho amankhampani alenkokheli ezikhaliphileyo esedlula amanye.

Lokhu kutshengisela ukuthi ukuthembela kunkokheli kulenkinga ezinengi, eyakuqala yakhona kungeyokwehluleka kwababusi. Umzekeliso amazwe amanengi ahlala esenza amaphutha afananayo. Lokhu kungaba kubangwa yikuthi loba amazwe engafanayo abakhokheli bayatshintsha. Abakhokheli abatsha bawela emagodini awelwa ngababusi ababengemva kwabo. Lokhu kutshengisa ukuba sifunda emaphutheni esiwenzayo ngokwethu thina.

Abakhokheli bande ukuhlutshwa nguminamina. Abakhokheli bajayele ukuba ngabantu abakhaliphileyo kakhulu kumphakathi kodwa lokhu akutsho ukuba balakho ukwenza kuhle ekukhokheleni kwabo. Okwenzakalayo nxa ungumuntu olenqondo ekhaliphileyo yikuthi ucina unanzelela ukuba uzwisia izinto masinya njalo ngcono ukwedlula abanye abantu. Ngalokhu ucina ufunu ukwenza izinto ngendlela eyiyo- eyakho. Kodwa kujwalekile ukuthi usenza lokhu wenze amaphutha amanengi ongawanenzeleliyo. Esikhathini esinengi ungabe uqondile kodwa hatshi ngaso sonke isikhathi. Ucina usenza izinto ngeyakho indlela noma kanjani engani ungumuntu ongaphambanisiyo. Ucina ukhohlwa ukuthi abantu osebenza labo ngabantu abacabangayo njalo abafundileyo abangenelisa ukuqed' inhlupho. Njalo uma ukuyindawo lapha abadingeka khona balalo ilungelo lokuthi bebephakathi kohlelo lokwenza izinqumo.

Lokhu kuziqakatheka kwabakhokheli kubenza bekholwe ukuba bayizisebenzi zo*Mbuso WeNtando Yabantu* (*zedemocracy*), bacina bedala inkinga ezingakhulumekiyo kumphakathi.

Elinye iphutha ngobukhokheli lijwayele ukwenzakala uma abakhokheli bengaphila labantu abangabuzi lutho ngendlela izinto ezenziwa ngayo. Lokhu kubavalela ekuboneni izinto ngendlela ezitshiyeneyo. Kodwa ukuba umuntu eyenze izinqumo ezilungileyo kudingeka ukuba akhangele konke okubiswa ngabantu abatshiyeneyo.

Ubukhokheli asomfundiso yesikolo, ngenxa yokunengi okungahamba kubi ubukhokheli buyadla kakhulu amandla lenqondo zomuntu. Abakhokheli kumele bebelamandla okokumela lonke lokhu. Ngoba uma bengahluleka ukukumela lokhu bacina behlukuluza izisebenzi ezingaphansi kwabo. Kodwa okumangalisayo yikuthi umphakathi ucina evumela abakhokheli abahlukuluza abalandeli babo ngenxa yokuthi bayabe besenza umsebenzi wabo kuhle.

Isilingo esikhulu ngenkokheli yibuhuqulizi. Umuntu usebenzisa amandla alawo ukunothisa umndeni wakhe. Umnotho lo ucina usetshenziswa yisizukulwane salaba bakhokheli ukuze bagcine intambo zombuso emulini yangakibo. Ngalokhu abakhokheli bayasebenzisa imali zabantu abalenkolo ezitshiyeneyo ukungena embusweni bethi bengangena besebesenzela laba bantu lenkolo zabo kulokuthi besebenzele umphakathi.

Isiko lokuhuquliza inotho seligwele umhlaba wonke nje jikelele ngendlela enku lu njalo embi kakhulu. Abantukazana bayabotshelwa ukutshontsha okungatsholutho kodwa ababusi abatshontsha izigidi abenziwa lutho. Indlela zokungathembeki zigoqela ukungathembeki emthethweni lapha abakhokheli abenza betshintshe imithetho ebatholisa inzuko. (umzekeliso omuhle yikuthi abaphathi ntambo zomnotho balakho ukwehlisa intengo yokubhadala indleko zikaHulumende kumabhizimusi angawabo kumbe angawabangani babo). Lokungathembeki emisebenzini kaHulumende lapha abantu abacina bethola imisebenzi kaHulumende elemali ngudlu. Kucinwa kubhabalwana ngasese.

Ukungathembeki lenkethabetshabe sokwahlangana kwadala umkhondo wabakhokheli abanothileyo. Lokhu yikwehluleka okujwalikeleyo *eMbusweni WeNtando Yabantu* (*kuDemocracy*) emhlabeni wonke jikelele.

abantu abanothileyo esikhathini esinengi abalabazali abake baba ngabantu bezombangazwe ababa lethuba lokunqoba emkhankasweni yezombangazwe.

Inkinga enkulu ngabakhokheli yikuthi abanye bacina beweyisa *uMbuso WeNtando Yabantu* (*idemocracy*). Abameli abakhethiweyo bacina bezama ukuzenza ababusि bamandla ngokungalaleli izikhalazo zikazulu lezithembiso zemikhankaso bacine sebezama ukubulala *uMbuso WeNtando Yabantu* bezama ukuthi bengasaruseki lamaqembu abo embusweni.

Lokhu kutshengisa olunye udaba ngababusi. Abantu abafuna amandla angelamkhawulo yibo abacina bekhethwa. Abanye abantu bazalwa bengabakhokheli njalo bayenelisa ukubusa kodwa abanye bayaginqa ukuze babuse njalo bangenza nomayini ukufika phezulu. Ukukhokhela ngalezinsuku kugxile emthethweni yemvelo njalo izinto ezinjengocuku zibaluleke okufanayo njengezinto ezifana lokwenelisa

Inkinga edlula zonke ngeyokuthi siyehluleka ukwehlukanisa phakathi kwenkokheli lababalisi. Inkokheli eziqotho azitsheli bantu ukuthi benzeni. Ziyancedisa ukufundisa uzulu ukuthi enelise ukuzenzela izinqumo, ngokwenza lokhu zenza kube lokuvumelana okuyikho okuqakatheke kakhulu kumuntu wonke.

Lokhu yikho kodwa umhlobo wokukhokhela ovumela ukuba abantu bonke bandedise ekwenzeni izinqumo ekwakheni umphakathi njalo yiyo indlela engenza ukuba sehlukane leminye imithetho yemvelo.

IZAKHIWO ZOMBUSO WENTANDO YABANTU (ZEDEMOCRACY)

11. Ukulondolozwa ko*Mbuso WeNtando Yabantu* (kwedemocracy)

Ukungaphathwa kuhle kwamandla kungacina kudala izinto ezinjengokugqilaza lokubhubhisa eminye imihlobo yabantu, ngakho kumele kuvikelwe ngazozonke indlela.

Ukwenelisa lokhu sisebenzisa inhlelo zemigoqo lokulinganisa. Kulemigoqo ekhawulisa ubukhulu kumbe ukubuthelelwa kwamandla. Kukhona futhi ukungasetshenziswa kuhle kwamandla okubusa, yikho loluhlelo soludida ngendlela ethile. Noma ludida kukhona okunye okumele kulungiswe. Inkinga ezisemhlabeni ziyibufakazi bokuthi imigoqo kanye lokulinganisa kwamandla akubanga yimpumelelo.

Zinengi indlela zokukhangela lokhu. Umzekeliso, uma ukhangela umphakathi njengabantu kanye lezinhlanganiso, kudingeka imigoqo ibekwe kukho lokhu kokubili. Kubantukazana, lokhu kulula. Ezomthetho, ikakhulu umthetho ophathelene lezigangi, wenza labo abafisa ukwephula umthetho ukuthi bengakwenzi lokho. Imiyalo yomphakathi yenza ukuba ezinye izenzo ezimbi zingenzakali, ezinjengekungavumi izitshengiselo zokungalaleli ukungavumi okwabanye lobuhwaba.

Kuzinhlanganiso kusuka kube yingqobe enku. Kulemihlobo eyehlukeneyo yezinhlanganiso njalo yinye ngayiye ilenkinga ekhangelanane lazo ezingafani lezinye, kanye labakhokheli bazo abafani. Inhloso yethu yikubona ukuthi lezinhlanganiso zisuthisa izidingo zabantu lokuthi azigijimisi ezazo inhloso eziphambana lalokhu. Ikakhulu izifiso zokuhuquluza inotho lokuthola amandla amanengi kwabakhokheli.

Enye indlela yokubona imigoqo lokulingana yikuqala sibonisise okubi lokuhle. Nxa singalimaza abantu kumele sivume ukuthi siphambanisile futhi sixolise. Lokhu yikho ukuzivikela okumqoka kumthetho wemvelo. Ubuntu bufundiswa emakhaya njalo busebenzelana kuhle lezomthetho.

Ukwehlukanisa okubi lokuhle(ubuntu) yinsika yomphakathi kanye lokulingana, lokukhululeka lokubambana kanye lezinye insika zo*Mbuso WeNtando Yabantu* (zedemocracy) ukuze sivikele ubuhwaba. Yikho inhloso yalemigoqo lokulinganisa kuyikuvikela ubuwula ebantwini.

Ukuze umphakathi ubonise ukulingana kumele ubelenhlelo zokuvikela amalunga wonke omphakathi ekuncindezelweni.

Imigoqo lokulinganisa kuyalinganisa amandla endaweni ezitshiyatshineyo kanye lokusebenzisa indlela ezingasizo. Amandla angabamanengi kulula ukuwasebenzisa kubi yikho kulesidingo semigoqo ehambelanayo.

Lapha sikhuluma ngomphakathi wo*Mbuso WeNtando Yabantu* (*wedemocracy*). Emphakathini ongela *Mbuso WeNtando Yabantu* (democracy) akula migoqo enjengale. Ababusi bakhethwa ngokuvotelwa ngoba sibethemba kodwa kumele sikhumbule ukuthi ukubathemba kwethu asiwo mgoqo.

Yikho njalo kumele singazethembi ukuthi inhlanganiso zingazisebenzela nje. Njengoba kuhlala kusenzakala ukuzibusu kungela migoqo kuhlala kusehlula inhlanganiso ezinengi. Lokhu kungenxa yokuthi kasiziboni nxa ziphambanisa futhi labakhokheli bazo ngeke sibethembe.

Yikho kumele sibe lohlelo oluzimele lodwa olukhangela ukuziphatha kwenhlanganiso ezitshiyeneyo, ukuze lusebenze lezinye inhlelo zezinhlanganiso ezizama ukuzikhangela ngazo.

Okunye yikuba imigoqo lenhlelo zokukhangela inhlanganiso kumele kube yizinto ezihlala zisenzakala kulokuba yizinto esienza ngemva komonakalo ngoba zizinengi izinto ezingaphambanisa inhlanganiso ezitshiyeneyo. Njalo lezizinto zihlala zivumbuluka ngobunengi mihiayonke.

Nxa sikhangela inhlanganiso kumele siqale ngoku khangela abakhokheli bazo. Lokhu kubisa inkemenkeme yendaba ecina ilulaza umqondo wemigoqo lenhlelo zokukhangela inhlanganiso. Imigoqo iqala ngemigomo lobuntu lokhu kukhanelwa zinhlanganiso ezizimele zodwa, yikho ke inhlelo zethu zemigoqo zisuka zibezinhlelo zenhlanganiso ngakho ke kuba yinxabanxoza yenhlanganiso ezikhangela inhlanganiso. Kodwa zonke lezi nhlanganiso zithembele kubakhokheli bazo laba bakhokhlie bacina besidla ngophakathi ngenxa yezikhundla lamandla abo. Bacina besiba lezifiso zokugcina indlela abayabe bephila ngayo futhi bangenza noma yini ukuhlala bekuleso simo.

Ezinye indlela zemigoqo ye*Mbuso YeNtando Yabantu*(yedemocracy) eyenzelwe ukuvimbela lokho kuzinothisa okungela khanda zikhangelwa ngabantu abavele benothile belamandla. Lokhu kudala umbuzo wokuthi laba bantu bawenza kanganani umlandu wokukhangela ukuphumelela kwaleyi migoqo. imigoqo ingaba midle kodwa okubi ngabantu abayilobayo yibo abanuka santungwana. Yikho loluhlelo lo*Mbuso WeNtando Yabantu* (lwedemocracy) lucina lungaphumeleli.

Futhi akulula ukuthi senze abakhokheli bechaze ukuphambanisa kwabo lokhu kugoqela labakhokheli ababi kakhulu. Bahlangana labangani babo abakunhlanganiso ezitshiyeneyo ezifana lezamaphephandaba ukuze benze konke ukuthi bazibonakalise belungile. Uma kungasafihleki ukwehluleka kwabo bacina besithi ngomunye owonileyo. Balihlekana abakhokheli abavuma ukwehluleka njalo abathatha umlandu wokwehluleka kwabo.

Kulendlela njalo lemigoqo ekhangela abakhokheli njalo evikela lezinhlupho kodwa kuyasolisa ukuthi kungaba lelizwe nje elilodwa emhlabeni lapha ezisebenza khona ngokupheleyo. Umzekeliso kulemigoqo evumela ukubusa isikhathi loba iminyaka ethile. Abakhokheli abakhethiweyo banikwa izikhathi ezithile besezihlalweni njalo lezizikhathi zijayelekile ukuhambelana lemihlobo yemisebenzi yabo. Lezizikhathi kwejayeletekile ukuba ngamahlandla amabili. Uma umkhokheli eyenze kuhle kuhlandla lokuqala ulakho ukuqubeka ekhokhela kwelesibili.

Kukhona njalo imithetho exotsha kumbe ebophisa abakhokheli abangalunganga abalenkathabetshabe labafuna ukudiliza *uMbuso WeNtando Yabantu* (idemocracy) Kuba futhi lenhlelo zomthetho ezibona ngokukhohlakala lokunikana izikhundla. Imithetho le yonke ayihlekisi njalo iyasinda sihlala siyikhangelele ukuba isezenze. Kodwa iqiniso lokuthi ababakhokheli bahlala bephunyuka emazinyweni omthetho ngemva kokwenza izinto ezilihlazo ezifana lukubulala lokuthi ubusela lobuqili kuHulumende benzakala ngendlela ephezulu kutshengisela ukuba leyo migoqo kayisebenzi.

Isizatho esikhulu salokhu yikuthi amalungelo amabi ababusi abanothileyo ayenzwa ngamandla alethwa inotho yabo aloku evikelekile. Ngaphandle kokuba kube lemigoqo yomnotho evimbela ukuzinothisa okungela mkhawulo. Ngoba nxa kusangenziwanga njalo zonke inhlelo zemigoqo kazisoze zisebenze kuhle.

Le yiyo yodwa indlela yokulungisisa udaba oluvele loyilo isisuza sendubo lezi indlela abakhokheli abacabanga ngayo. Phose bonke abakhokheli noma bengaze bethini kumphakathi ngaphakathi abavumelani lokuthi abantu bayalingana. Bazibona bengabantu abangcono kulabanye. Lokhu bekuthathela ekubeni balamandla kulabanye. Kodwa ngenxa yokuthi imbuso ilemgcele yamahlandla lokhu kuba yinto edlulayo ikakhulu kubakhokheli bezombangazwe lapho okulo*Mbuso WeNtando Yabantu* (*wedemocracy*). Kwezinye izikhathi bazibona bengcono kulabanye ngoba beleno tho enengi kodwa sokusiba ngcono lokhu ngoba kulezi insuku inotho le ayisahlali isikhathi eside.

Umgoqo wokucina ngobona ngobuhlobo phakathi kwezinhlanganiso ezisemphakathini lokwakheka kwazo. Yikho ingatsha ezintantu zikahulumende we*Mbuso WeNtando Yabantu* (*wedemocracy*) sizazikhangelxa sesikhangelxa ukubusa komthetho esifundweni esilandelayo esokubusa komthetho. Phakathi kwenhlanganiso kulomahluko phakathi kokholo lombuso nxa sikhuluma ngo *ngetheocracy*. Kulomehluko futhi phakathi kwezokuthengiselana lokholo, kwezokuthengiselana lombuso. Kuyadingakala ukuba lemigoqo kwezemfundo ukuze kungabi lemfundiso ezingasizo ezivela kuhalumende, ezokuthengiselana kanye lokholo. Kuba lemigoqo ebona ngebutho kanye lamapholisa.

Inhlanganiso zithuthuka emhlabeni wonke yikho kumele kube lenhlelo ezibona ngezangaphandle ngoba inhlelo ezikhona aziwenzi lumsebenzi.

Umgoqo wokucina emphakathini ngabantu. Abantu babangumgoqo ngendlela ezinengi, ngevoti yabo, ngokubonisa ukungasuthiseki kwabo, langokucebelia izeqamthetho. Nxa konke lokhu kungaphumeleli bayavukela.

12. Ukubusa komthetho

Injongo yokubusa komthetho yikwakha indlela ezasusa umthetho wemvelo. Umthetho wemvelo ume ngelungelo lamandla. Ukubusa komthetho kume ngamalungelo kazulu. Umthetho wemvelo umele abayingcosana abalamandla. Ukubusa komthetho kumele wonke muntu ngokufanayo njalo kwenza kube lendlela yokwahlulelwa emi ngokuqotho.

Ukudalwa kokubusa komthetho kwaba yimpumelelo enkulu yabantu, kwadala umehluko kuzulu, kuyasitshengisela njengezidalwa ezingeke zime zikhangele eceleni abanye loba ezinye inyamazana zihlupheka behlupheka.

Ukubusa komthetho kufanelekile ukugcina inkululeko. Umgoqo okhona nje ekukhululekeni kwabantu yilokhu okungavunyelwa ngumthetho. Embusweni wamandla, umthetho awunakwa njalo uncidezela umphakathi ngazo zonke indlela. Kodwa lakweminye imiphakathi engabandezeleliyo okungekho emthethweni lendlela okwahlulelwa ngayo kwande ukungakhanyisisi. Lokhu kudala ukungacaci kwesingakwenza lokungamelanga sikwenze, kucine sokudala inkawulo kunkululeko yethu.

Ukubusa komthetho kungumsebenzi kahulumende njalo kuyisiduli so*Mbuso WeNtando Yabantu* (*sedemocracy*). Nxa uhlelo lomthetho lungasebenzi kuhle, uzulu kasoze aphile kuhle. Ukuze enelise lokhu, ukulumende kumele abe engelabuhuquluzi.

Ohulumende bo*Mbuso WeNtando Yabantu* (*bedemocracy*) balezimilo ezimbaxambili kumbe ntathu, ezokwenza umthetho ukuwucasisa lokuwahlulela umthetho. Okokuqala nqa *kuMibuso YeNtando Yabantu* (*kumademocracy*) ephalamende lokhu kuhlanganisa iphalamende ekhethwe nguzulu okuphuma khona indunankulu, labaphathintambo. Loba ondunankulu labaphathintambo bengani kabahlangananga lephalamende kodwa bayeme kilo iphalamende ngoba loba nini lingabahluthuna ezikhundleni ngevoti lokungasuthiseki.

KuMibuso YeNtando Yabantu (*Kumademocracy*) kamongameli lokhu kuhlanganisa umongameli okhethwe nguzulu, abaphathintambo ababekwe ngumongameli ongekwe ekhitshwe esi.

IMelika ingumzekeliso wesimilo esilembaxa ezintathu. Idale le*Congress* liyahlela imithetho emitsha, okumele ivunywe ngumongameli. Ukungezelela

uMongameli utshela imbaxa ezithile ukuba zibe leqiniso ukuthi imithetho le imitsha iyalandelwa. Nxa kulosungazwisisi ngokutshiwo yimithetho leyo, amadale ayakuxazulula.

Kulemihlobo yemithetho etshiyeneyo. Amazwe amanengi alogwalo olulodwa lapho okuhlelwe khona zonke inhlelo zomthetho okuthiwa yisisekelo sombuso(iconstitution).

Isisekelo sombuso(iconstitution)senza umthetho, siqale izinhlaganiso zikahulumende, sisekele ubudlelwano bazo njalo siphe indlela zokuvikela amalungelo kazulu. Ngokunjalo, siyachaza njalo siphe inkawulo emandleni kahulumende.

Isisekelo sombuso lezinye ingatsha ziyadala njalo eminye imihlobo yomthetho. Nomanje kusehlukana lizwe ngelizwe, umehluko osegcekeni ngowomthetho kazulu lophathelene lomuntu. Umthetho kazulu ubusa ubudlelwano phakathi kwabantu lezinhlanganiso. Uhlanganisa isisekelo sombuso, lowezephulamthetho. Kulomthetho njalo obona ngezenzo zengatsha zikahulumende lokungenziwa nguzulu nxa kulengxabano.

Umthetho wezephulamthetho uyalela ezinye izenzo ngokwethusela ngokugwetshwa . Uyahlanganisa njalo lamalungelo abantu abephule umthetho.

Umthetho ovikela umuntu uhlela ubudlelwano phakathi kwabantu lezinhlanganiso. Lokhu kuflanganisa izivumelwano, umthetho wendawo, umthetho wokuthengiselana, lezinye ingxaki. Konke lokhu kungumthetho waphakathi kwelizwe. Kukhona umthetho ohlanganisa umhlaba wonke, obona ngobudlelwano bamazwe lezinye inhlanganiso.

Njengokutshiwoyo, kumthetho wezephulamthetho kulendlela zokwahlulela lokugweba. Amapholisa ayabopha abephule umthetho, amadale agwebe, amajele avalele.

Njengokwatshiwo ngumlobi uRobert Hinkley, umthetho ucabangela ukuthi imithetho ngeyokuvikela ubugangi bungakalimazi. Lamanje kwakuqinisekile endulo, akusenjalo. Amankampani, kuflanganela lokungafuni kukahulumende ukubabekela imigoqo, asedale ingqobe kwabezemithetho abangayenelisiyo.

Okumqoka yikuba lemithetho emilutshwane ngazo zonke indlela. Isizatho salokhu kuyikuthi imithetho eminengi kakhulu icina ikhuthaza ukuhlukuluzwa lokuphazamiswa komthetho. Umzekeliso ingaxa ezinengi zomthetho zamazwe amanengi zixubene kakhulu okucina kubangela inxaki enengi. Lokhu kunika umthetho lamapholisa ilungelo lokukhetha ukuthi iimithetho iseenza njani njalo kubani. Abanothileyo balakho ukusebenzisa imali yabo ukuphambanisa lokutshintsha indlela umthetho osebenza ngayo kuthi abayanga abahluphekayo balakho ukuhlukuluzwa kubi ngumthetho. Lokhu kuyenzeka futhi emazweni asathuthuka abantu bacina behlekisana ngakho ngokuthi Inkantolo zileminyango emuva kanye lemazweni asethuthikiyo. Emazweni asethuthukileyo umzekeliso walokhu kuhlukuluzwa komthetho ubonakala ngokuxubana kwempilo yamadolobho. Abakhi bezindlu lezinye izakhiwo bayabhadala abaphathintambo bezigaba ezikhonapha ukuze bephiwe indawo zokwakha. Abakhi bathembisa imbadala ezinkulu ezicina zingezelela iholo labaphathintambo.

Emphakathini wakhathesi, ubuhuquluzi yibo osebubulele imithetho. Nxa uhulumende engumuquluzi, akulakubusa komthetho. Ukuvikelwa okufanayo kuyalelwu njalo lezifiso zikazulu azilalelwu. Okunye okuqakathekileyo ngokubusa komthetho yikuvikelwa kwamalungelo omuntu, kuhlanganisa lamalungelo alabo abathonisiswayo.

Ilungelo lothonisiswayo elimqoka ngelokuthi ucatshangelwa ukuthi umsulwa. Uhulumende kumele atshengisele ukuthi ulecalu, nxa kungenjalo umthetho ucina usuncindezela. Kulandela lokhu ogwetshiweyo ulakho ukumisana lokubotshwa kwakhe. Amanye amalungelo awobotshiweyo ahlanganisa;

- ukungahlolwa kumbe ukubanjwa ngobudlwangudlwangu
- incwadi yokubotshwa kumele iphiwe nxa kulesitshengiselo sokuthi wenze icala
- awubanjwa ngamandla ukupha ubufakazi obungakubophisa
- ilungelo legqwetha
- ilungelo lokumisana labafakazi
- ilungelo lokuthonisiswa ngokuphangisa, esigabeni lapho icala elenzeka khona.
- akumelanga babize ibail (*imali yokukhitshwa ejele icala lingakathethwa*) enengi kakhulu.

Nxa sehlanganiswe wonke lamalungelo kuyabe sekwenziwe yonke into okumele yenziwe ukuze umthetho ungcwäliseke.

Abagwetshiweyo balelungelo lokuncengela ukuthonisiswa kutsha njalo akumelanga bagwetshwe imali ezinengi kumbe ukuhlukunyezwa. Endaweni lapho impahla zithethwe, imbadalo ecacayo kumele iphiwe. Abantu abangeke babotshelwe amacula abacatshanelwa ukuthi bangawenza kodwa engakenziwa, kumbe bagwetshwelwe amacula akudala ngemithetho emitsha.

Ngokufanayo umuntu angeke athoniswa icala aseke alikhululelw lidale. Obunye ubunzima obuhlangana lomthetho yikungenela kukaHulumende endabeni zomthetho. KweleMelika amanye amalungilo awakhangelwa uma ilizwe lihlaselwa yizitha. Lokhu kudala ukuphikisana okukhulu ngezomthetho njalo kwenza ukuba kubenzima ukwenza umthetho osebenzela kuhle wonke umuntu.

Udaba lokucina ngolokuthi, umthetho ngokabani? Ugatsha lomthetho lutsho izinto loba abantu abalamalungelo omthetho. Okwakhathesi abantu lenhlanganiso yibo abalamalungelo omthetho. Kodwa enye intuthuko yomthetho yikuthi ezinye izinanakazana lemvelo sokuqala ukuba lamalungelo.

13. Isisekelo sombuso

Lizwe ngelizwe kulenhlobo zengatsha zikahulumende lezomthetho ezechlukeneyo. Umehluko omqoka ngowokuthi ilizwe lilesisekelo sombuso na? Amazwe amanengi alaso, kodwa amanye, njenge United Kingdom, awala. Kodwa alokuthiwa ngumthetho jikelele osulesikhathi eside usakhiwa ogoqela isimo sikaHulumende lazo zonke imbaxa lengatsha zomthetho.

Lesi sifundo sizakhangelu ukusetshenzisa komthetho. Sibuye sicaze isimo somthetho weMelika oyliwo ngendlela owakhiwe ngawo okhangelwa njengomzekeliso omuhle womthetho opheleleyo. Isisekelo sombuso singumthetho ongaphezulu welizwe njalo senza uhulumende.

Lo ngumsebenzi omkhulu njalo ukuwenelisa lolugwalo lwestisekelo sombuso kumele luhlelwe kuhle. Nxa kungenjalo, alusoze luvikele ngokufaneleyo indlela zokweyisa *uMbuso WeNtando Yabantu (idemocracy)*.

Kunzima ukukwenza ngendlela efanaleyo, njengesikubona emazweni amanengi saloba izisekelo zabu kanenginengi. Lokhu kutshengisa ubudlelwano obukhona phakathi kwesisekelo sombuso lokuthuthuka kwelizwe kwezombusazwe. Nxa ilizwe lisaqala *uMbuso WeNtando Yabantu (idemocracy)*, liseselempande zombuso wamandla, noma isisekelo sombuso siqine njani, sizakwehluleka umzekeliso yikukhitshwa kukaHulumende esihlalweni libutho lakhe. Kumbe nxa isisekelo singaqinanga, uhulumende angasisebenzisa ngendlela ayifunayo ukuqinisa umbuso wakhe.

Isisekelo sombuso sihlela izimilo zengatsha zikahulemende. Isisekelo sombuso seUnited States sibeka ingatsha ezintathu zikahulumende. Kuqala ngedale laBantu (leCongress), kuze uMongameli besokusiza idale eliphezulu kwezomthetho (Supreme Court). Phezu kwezinye izizatho lokhu kutshengisa ukukholwa kwabenzi bomthetho ukuthi njengogatsha olufinyelela wonke umuntu idale laBantu (icongress) kumele libephezulu.

Isisekelo sombuso sehlukanisa uhulumende emandleni. Sibeka inkawulo emandleni ezingatsha zikahulumende kwesinye isandla, sibesesisipha amandla eneleyo okubona ukuthi ezinye ingatsha zisebenza ngokufaneleyo (lokhu kuba yikulingana kwezinto okupheleleyo). Ukungezelela ingatsha lezi zilemilandu eyeqela kwezinye ingatsha kwezinye izikhathi zibalemilandu efananayo.

KweleMelika idale laBantu(icongress) liloba umthetho, kodwa umangomeli ulawo amandla okuwuyala lowomthetho. Idale laBantu lilakho njalo ukuthi liyale lokhu okuyabe kuyalwe nguHulumende. Idala laBantu (icongress) lilawo njalo amandla okuvusa impi kodwa umongameli njengomkhulu wamasotsha ulomlandu wokukhangela ukuziphatha kwebutho lakhe. (Lokhu kutshengisela eyinye indlela yesilinganiso ejayelekileyo *kuMibuso YeNtando Yabantu(kudemocracy)*, lapha ibutho eliba ngaphansi komphathintambo ongewezombangazwe kulokuba libe ngaphansi kwabomaquzu bezembe.(okhomanda)

Idale laBantu(icongress) lilakho futhi ukuthonisia umongameli esasenguhulumende ngesikhathi ebusa.

*Idale laBantu(icongress) lilakho njalo ukukhetha umzimba wabantu ongaphansi *kwedale Elikhulu (iSupreme court)*. Kodwa uMongameli nguye okhetha abakhulu bezomthetho. Idale laBantu(icongress) ikakhulu umzimba wokubusa ophezulu(iSenate) ulakho ukuphikisa abantu abakhethwe nguHulumende.*

Idale lomthetho elikhulu (iSupreme court) ngamandla omthetho lilakho ukwala imithetho emitsha kaHulumende.

Esinye isilinganiso esikhona kweleMelika yikuthi iqembu lezikhundla eziphezulu ngeke lisebenzise zisebenzi zinye leqembu lomthetho. Lokhu kubisa isiqiniseko sokuthi intambo zombuso aziweli ezandleni ezimbawla kodwa zabelwana ngokulingeneyo.Lokhu konke kwehlukanisa indlela yokubusa kweleMelika kundlela yokubusa *yoMibuso WeNtando Yabantu (idemocracy) yephalamende* lapha abomthetho abangena kwezika Hulumende malanga onke. Kundlela yephalamende onduna nkulu(uPrime Minister labo Minister bakhe) baphinde bangene kuzo zonke indawo zokubusa.

Idale Labantu laseUnited States(icongress) lilezindlu ezimbili lilendlu ephuzulu yomthetho wokubusa ilizwe(senate) ibe isisiba lendlu yomthetho ophansi wokubusa izigaba(house of representatives). Izigaba ezimelwe ngabezindlu lezi zihlala zikhangeliswa ukuze kuqiniseke ukuthi abezombangazwe abangeneli kakhulu ekukhethweni kwezimeli ngoba bengacina befaka abameli babo abazavumelana labo.

Le indlela yokwenza umthetho ivumela ukuba kungabi lemithetho egobileyo njalo esebenzela abanye kuhle.

